



# Cambridge IGCSE™

CANDIDATE NAME



CENTRE NUMBER

--	--	--	--	--

CANDIDATE NUMBER

--	--	--	--



**ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE**

**0531/01**

Paper 1 Reading and Writing

**October/November 2024**

**2 hours**

You must answer on the question paper.

No additional materials are needed.

## INSTRUCTIONS

- Answer **all** questions.
- Use a black or dark blue pen.
- Write your name, centre number and candidate number in the boxes at the top of the page.
- Write your answer to each question in the space provided.
- Do **not** use an erasable pen or correction fluid.
- Do **not** write on any bar codes.
- Dictionaries are **not** allowed.

## INFORMATION

- The total mark for this paper is 70.
- The number of marks for each question or part question is shown in brackets [ ].

This document has **16** pages.





## Umsebenzi 1

Funda lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo esekhasini elilandelayo.

### EMkhomeni

#### Uyafuna ukwazi kabanzi ngempilo yezilwane zasolwandle?

Vakashela ekhaya elikhulu lezilwane zasolwandle.

EMkhomeni yindawo ephephile nehlanzekile ehlezi izwakala umsindo wokuzijabulisa, ukuhleka nomoya wobunye. Sihlose ukufundisa, ukujabulisa nokumangaza bonke abantu abavela emhlabeni wonke jikelele. Woza uzolunguza ewindini lasolwandle olukhulukazi oluphethe yonke impilo yasemanzini ukuze uthole nethuba loku:

- bona izinhlobonhlobo zezinhlanzi
- buka amahlengethwa kanye nezimvu zamanzi zenza imidlalo
- nikeza amahlengethwa kanye noshaka ukudla (fika ngesikhathi sasemini)
- bhukuda emachibini ethu okubhukuda aphephile
- buka amaphengwini
- bona izinhlobonhlobo zezinyoka
- bona ufudu olukhulukazi oluhlala emanzini.

Ungathatha nesikhathi sakho uzulazule enxanxatheleni yethu yezitolo (imoli) emangalisayo lapho ozothola khona indawo yezinhlobonhlobo zemidlalo yasendlini nezitolo zezimpahla zokubhukuda nezokungebeleka ogwini lwasolwandle.

Kuvulwa ngehora lesi-9 ekuseni, kuvalwe ngehora lesi-5 ntambama ngazo zonke izinsuku.

Abadala ama-R150

Abafundi ama-R50

Uthisha oyedwa ohamba nabafundi abangama-20 ungena mahhala.

#### Nakhu okubalulekile ngezikole!

- Nikhuthazwa ukuba nibhukhe kusenesikhathi ngoba kuyagcwala (okungenani ezinyangeni ezintathu ngaphambi kokuza).
- Fonelani endaweni yethu yezemfundo kunombolo-012 367 4589 ukuze nixoxe ngosuku lokuza.
- Gcwalisani ifomu lokubhukha elitholakala kuwebhusayidi yethu ethi [www.emkhomeni.co.za](http://www.emkhomeni.co.za).
- Khokhani okungenani izinsuku ezimbili bese nithumela ubufakazi bokukhokha kule imeyili [kwezemfundo@emkhomeni.co.za](mailto:kwezemfundo@emkhomeni.co.za). Imininingwane yebhange itholakala efomini lokubhukha.





DO NOT WRITE IN THIS MARGIN

1 Ngolwani ulwazi olutholwa ngabantu abavakashela eMkhomeni?

..... [1]

2 Bavelaphi abantu abavakashela eMkhomeni?

..... [1]

3 Yini ongayenza kuphela ngemuva kwesidlo sasemini?

..... [1]

4 Yiziphi izinto **ezimbili** ongazithenga eMkhomeni?

..... [2]

5 Izingane zesikole zikhokha malini?

..... [1]

6 Kungani kubalulekile ukuthi izikole zifone kuqala mayelana nosuku lokuza zingakabhukhi?

..... [1]

7 Izikole zingakhokha kanjani eMkhomeni?

..... [1]

[Amamaki: 8]





## Umsebenzi 2

Funda ngezansi bese wenza umsebenzi osekhasini elilandelayo.

UKhaya Ndlovu uyilungu lekilabhu lamasikawoti elibizwa ngokuthi 'Izingqungqulu' elineminyaka eyi-15 ubudala. Ikilabhu lakhe lihlela uhambo lokuya enkambini. UKhaya uyakuthanda ukuya enkambini. Uthanda nezintwanyana abazinikezwa mahhala njalo uma beye khona ezinjengezikhwama kanye nezikibha. Ngenkathi eneminyaka eyi-14 ubudala wathola isikibha esikhulu kakhulu kunaye ngakho-ke uhlela ukukhetha esiwusayizi omncane kulokhu.

Abazali bakhe nabo bayakujabulela ukuthi aye enkambini ngoba ubuya efunde okuningi. Ngakho-ke bameseka ngakho konke akudingayo uma ehamba. Muva nje, bamthengele ithende azolala kulo nabangane bakhe abathathu.

UKhaya usezuze imiklomelo eminingi kule nhlango nebhande lakhe lemiklomelo selicishe ligcwale. Wavele waqala ngazo zonke izifundo zemvelo ngoba uyayithanda kakhulu imvelo. Manje ubesematasa ngezifundo zokuzijabulisa kodwa usethathekiswe kakhulu yizifundo zemisebenzi abayenza ngaphandle.

Uma kuza ekudleni, ungacabanga ukuthi abantu abasenkambini badla inyama eningi eyosiwe emlilweni kodwa empeleni cishe wonke umuntu kule nhlango kanye noKhaya akayidli inyama futhi bambalwa abangayidli nhlobo imikhiqizo yezilwane njengobisi namaqanda. Amasoseji okosa angenziwanga ngenyama abavamise ukuwosa enkambini amnandi kakhulu.

Ngenhlanhla, uKhaya washesha ukukhokhela ibhasi elihlelwe yisifunda lohambo lokuya enkambini lingakagcwali. Phela ukube akalitholanga ibhasi bekuzodingeka ukuthi ahanjiswe ngabazali bakhe.

DO NOT WRITE IN THIS MARGIN

DO NOT WRITE IN THIS MARGIN

DO NOT WRITE IN THIS MARGIN

DO NOT WRITE IN THIS MARGIN

DO NOT WRITE IN THIS MARGIN





8 Zicabange unguKhaya ugqwalisa leli fomu. Sebenzisa imininingwane etholakala ekhasini elidlule.

**Inkambu yamasikawoti  
Ifomu lokubhukha**

**ISIGABA A: IMININGWANE YAKHO**

**IGAMA ELIPHELELE:** ..... [1] **Owesilisa/Owesifazane (susa okungafanele)**

**Iminyaka yokuzalwa:** ..... [1] **Usayizi wesikibha:** ..... [1]

**IMININGWANE B: UBULUNGU KANYE NEZIFUNDO**

**Uyilungu? (dwebela okulungile):** Yebo / Cha [1]

**Igama lekilabhu yakho:** ..... [1]

Izifundo **onentshisekelo yokuzenza (sicela ubeke uphawu ✓):**

- Imvelo
- Imisebenzi yangaphandle
- Ukuzijabulisa
- Ezempilo nesayensi  [1]

**ISIGABA C: Indawo yokuhlala nokudla  
Enkambini silala emathendeni**

**Sicela usho uhlobo lwethende (dwebela okufanele):**

Ithende loyedwa      Ithende elihlanganyelwe [1]

**Izidingo zokudla (sicela ubeke uphawu ✓):**

- Angiyidli inyama
- Angiyidli yonke imikhiqizo yezilwane
- Ukudla kwabanesifo sikashukela
- Azikho  [1]

**Uzohamba ngani (dwebela okufanele):**

Ngesithuthi engizihlelele sona      Ngesithuthi esihleliwe      Ngesitimela [1]

[Amamaki: 9]

[Turn over]



DO NOT WRITE IN THIS MARGIN



### Umsebenzi 3

Funda le nkulumo bese wenza umsebenzi osekhasini elilandelayo.

#### Ukulima ukotini ngenkontileka

Ukukhula kokulima ngenkontileka embonini yokulima ukotini e-Tanzania sekuyiyona ndlela yokumaketha ezikhathini zanamhlanje. Uhulumeni wase-Tanzania waqala indlela yokulima ngenkontileka ukuze kuqinisekise ukuthi abalimi abancane abahlupheka ngezinto zokulima bayasizwa ngokwandisa izitshalo ngehektha elilodwa. Ukulima ngenkontileka kulapho abalimi besayina inkontileka yokuzibophezela ukuthi bazolima izitshalo okuvunyelwene ngazo bese bezidayisela abathengi abathize. Ukwengeza kuloku, indlela yokulima ngenkontileka yenza ukuthi abantu bacabange ngokulimela ukudayisa izitshalo zabo kunokuzidla nje kuphela. Le ndlela yokulima kuye kwaba ngelinye lamasu abaluleke kakhulu ahlonzwe emhlabeni wonke jikelele ekuthuthukisweni kwezindawo zasemaphandleni kanye nokuqeda ukuhlupheka.

Ukulima ngenkontileka kubandakanya ukukhiqizwa kwezolimo okwenziwa ngesisekelo sesivumelwano phakathi komthengi nabalimi. Kwesinye isikhathi umthengi ucacisa izinga elidingekayo lezolimo kanye nentengo, umlimi naye azibophezele ekuletheni ezolimo ngesikhathi esibekwe ngumthengi. Ngokunjalo, umthengi, ngokuvamile okungaba yinkampani, yena uvuma ukweseka umlimi ngokumhlinzeka ngezinto zokulima ezisetshenziswayo, ngokusiza ngokulungiswa komhlaba, ngokunikeza izeluleko zokukhiqiza kanye nokuthutha umkhiqizo wepulazi uyiswe endaweni yakhe.

Nokho, ukukhula kwale ndlela yokumaketha imbewu kakotini kuvamise ukuba nezingqinamba zentengo. Abalimi basola abathengi ngokwenza intengo ngendlela engafanele futhi nokwenza izivumelwano zezinkontileka ezingahlelekanga ezivame ukuba ngamazwi nje kuphela angabhaliwe phansi, ngenkathi abathengi besola abalimi ngokwehluleka ukunyusa amazinga esivuno afinyelele emazingeni omhlaba.

Noma kunalezi zinkinga, lolu hlobo lokulima lubonakala njengendlela yokugqugquzela intsha ukuthi ingene kule mboni. Uhulumeni ugcizelela kakhulu ezolimo ngoba ethi yiyona ndlela enamandla okwehlisa inkinga yokungabi khona kwemisebenzi ikakhulukazi ebantwini abasha. “Ukuzibandakanya kwentsha kwezolimo kusiza ngokuthi intsha iyiqembu elinamandla okuqhuba imisebenzi yezolimo ngendlela ehlukile,” kwasho uNgqongqoshe weZolimo. “Ukuze kugqugquzelwe intsha ukuthi ibambe iqhaza kwezolimo, kumele kuqalwe amasu asebenzayo nangajwayelekile okwenza ezolimo zibe yinto ekhangayo kubantu abasha,” kuqhubeka uNgqongqoshe. “Kumele kwenziwe umzamo wokuguqula ezolimo zokuziphilisa kulethwe ukuhweba ngezolimo bese kwenziwe ngcono ukukhiqiza okwesekwe ngubuchwepheshe besimanje,” kugcizelela uNgqongqoshe. Yingakho uhlelo lokulima ngenkontileka lwasungulwa.

U-Abasi oneminyaka engama-25, ovela esigodini sase-Bereko e-Dodoma ngomunye wentsha ongene kwezolimo. “Ngacabanga ukuthi ukuqala ipulazi ngisebenzisa indlela yokulima ngenkontileka kuzoba yindlela enhle yokuqala ukwenza imali enhle bese ngondla umndeneni wami,” kusho u-Abasi. “Ngesikhathi ngiqala ngangingenayo imali kodwa ngelulekwa ngumngane ukuthi ngivakashele uMnyango weZolimo ngiyofuna ulwazi olumayelana nezezimali nangendlela yokulima ngenkontileka. Lokhu kwangisiza ngoba ngathola umhlaba. Emva kwalokho uMnyango wangisiza ngokungiqeqesha njengomlimi osafufusa nangemadlana yokuthenga izitshalo ngase ngithola nenkontileka yokuba ngumlimi.” Kwakungelula ku-Abasi. Kwakumele afunde izinto eziningi ezimayelana nokutshala ukotini ngesikhathi esifushane, kwakumele ame aqine uma ebhekene nabathengi abalukhuni. U-Abasi ukhuthaza enye intsha ukuthi izibandakanye kulo mkhakha futhi iye nakuMnyango weZolimo. “Lokhu kuyayiguqula ngempela impilo,” kusho yena. “Manje senginemali eyanele yokuthenga umuzi nokushada unkosikazi.”





Uceliwe ukuthi ulungise amanothi enkulumo emfushane 'Ukulima ukotini ngenkontileka'.

Sebenzisa imibono evela embhalweni ukuze wenze amanothi enkulumo yakho ngaphansi kwezihloko ezilandelayo.

**9** Ubuhle bokusebenzisa indlela yokulima ngenkontileka

- ..... [1]
- ..... [1]
- ..... [1]
- Abathengi beseka ngokuhlinzeka ngezinto zokulima ezisetshenziswayo, ngokusiza ngokulungiswa komhlaba, ngokunikeza izeluleko zokukhiqiza nangezithuthi.

**10** Izinkinga zokulima ngenkontileka

- ..... [1]
- ..... [1]
- ..... [1]

**11** Okwenziwa nguMnyango weZolimo ukusiza intsha ukuthi ibe ngabalimi benkontileka

- ..... [1]
- ..... [1]
- Imali yokuthenga izitshalo

**[Amamaki: 8]**



DO NOT WRITE IN THIS MARGIN





\* 00080000009 \*



9



**PHENYA IKHASI UKWENZA UMSEBENZI 5**



DO NOT WRITE IN THIS MARGIN





Area with horizontal dotted lines for writing.

DO NOT WRITE IN THIS MARGIN





## Umsebenzi 6

Funda le ndaba bese uphendula imibuzo elandelayo.

### Ithalente eliyimfihlo

Uma ngizwa lculo Lesizwe Lase-Zambia, ngizizwa sengathi ngisephusheni. Ngizama ukucabangisisa ukuthi ngizodlala kanjani. Namanje angikholwa ngempela ukuthi ngizodlala umdlalo wami wokuqala wamanqamu webhola lezinyawo leNdebe Ye-Afrika.

Ngenkathi ngikhula ngisasesikoleni samabanga aphantsi ngangingakaze ngilithande ibhola lezinyawo. Hhayi ngoba lalingemnandi, kodwa ukuthi ngangingaliqondi. Kwakuhlekisa nje lokhu. Kuyini nje ukuthi amathimu amabili alokhu ekhahlelana nebhola elibhekise enethini elikhulu? Kuphela imizuzu engama-90 benza lokho nje. Ngaleso sikhathi mina ngabe sengizifundele incwadi emnandi! “Ake uphume phandle uyodlala ibhola nabanye abafana!” Kwakuhlezi kuthetha ubaba.

Umndeni wami awukaze ushintshe. Selokhu waba ngumndeni onothando kakhulu, olwazisayo usuku lokuzalwa lwelungu lomndeni. Lezi kwakuyizinsuku ezimnandi engangihlale ngizibheke ngabomvu ngisase ngumfanyana. Angikholwa ngelinye ilanga ngibuya esikoleni ngithola isipho esihle esigoqwe ngephepha lezipho sibekwe etafuleni lami lokutadisha. Sasibhalwe amazwi athi, “Usuku oluhle lokuzalwa, Ganizani. Kuvela kumama nobaba abakuthandayo.” Angibange ngisakwazi ukulinda ukusivula. Abazali bami babengalokothi benze iphutha uma bekuthengela isipho. Babethenga ngqo lokho ozokwazisa impilo yakho yonke. Angizange ngikholwe uma ngisivula. Yibhola! Kodwa bangenzani labazali. Lalinegama lomdlali ovelele engangihlezi ngizwa ubaba ekhuluma ngaye uPele. Phela wayengasuki emlonyeni kababa lomdlali wase-Brazil. Ngavele ngalibeka etafuleni lokutadisha lisongiwe linjalo.

Ngelinye ilanga ngavakashelwa ngumngane wami. “Awuthandi yini ukuyodlala?” kubuza yena. “Cha!” ngimpendula masinya. “Ngokukabani lokhuya?” kubuza yena ekhomba isipho sami. “Okwami,” kusho mina. Waya kulona. Waliqaqa walibhampisa eya le nale indlu yonke. “Woza, siyolidlala ngaphandle!” Ngenxa yokuthi kwakuyibhola lami, ngabona ukuthi mangimlandele! Ngashiya incwadi yami phezu kombhede. Angazanga nokuthi kumele ngenzeni, ngama nje phakathi nenkundla. Ngambuka umngane wami edlala ibhola lami waze walikhahlelela kimi. “Likhahlele lize ngapha!” kumemeza yena ngale kwenkundla. Ngalibeka ezinyaweni ngalikhahlelela kakhulu impela. Lasuka lashaya intombazana eyayimi phambi kwami. Ngaphoxeka! Ngenhlanhla ayilimalanga. Masinyane, kwafika ezinye izingane. Kwase kuba namathimu amabili njalo. Ngangingayazi nemithetho yebhola mina, ngazithola sengigijima ngilandela abanye ngiya le nale nenkundla ngenzela ukuthi okungenani ngidlale. Ngafunda masinyane. Ngamangala ukuzithola ngiwujabulele kanje lo mdlalo – ngajabulela nokujuluka kanye nokungcoliswa udaka. Emva kwalokho ngahamba ngilikhahlelela indlela yonke eya ekhaya ibhola. Umama wangibona wehluleka nokukhuluma. Wayesemamatheka ethi, “Khumula lezo zicathulo uzilethe lapha, Pele wami.” Ngangena ngejubane ngaphakathi endlini, ngigxumagxuma ngibheke ekamelweni lokugezela.

Uthando lwami lwebhola lezinyawo lwakhula kanjalo-ke kuze kube manje. Akuzange kube lula endloleni. Ngihlangabezane nezinsalele eziningi abadlali abancane abafisa ukuba semaqenjini amakhulu abavame ukubhekana nazo kodwa ngakhetha ukugxila. Abantu abaningi banesifiso kodwa abakutholi ukwesekwa okwanele, ikakhulukazi ngabazali. Ukungabi nalwazi olwanele lokuthi uxhumana nobani futhi wenza kanjani ukuze ugcine usungumdlali ophumelele odlalela amaqembu amakhulu kungezinye zezinkinga ezihlangabezana nentsha efisa ukulandela lo mkhakha. Le nkinga ingaxazululeka ngokuthi abasebenzela amakilabhu amakhulu ebhola bavakashele ezikoleni ukuze baxhumane nentsha. Lokhu kuzokwenza intsha yazi ngamathuba ebhola lezinyawo enawo bese ixhumana nabantu abafanele.

Ukuze ungene futhi uhlale eqenjini kulezi nsuku, kufanele ube sezingeni lomhlaba. Bangingi kakhulu abafana abanothando nekhono lokudlala ibhola lezinyawo emhlabeni wonke jikelele, kodwa ukuze ubonakale kufanele ube ngumdlali ovelele. Ukuze ube ngumdlali webhola oqavile uzodinga ikhono elikhulu, ubuhlakani bomdlalo, ukuqina komzimba kanye nomqondo ofanele. Kuyiqiniso eliphelele ukuthi ungazalwa nalo ithalente kodwa akekho ozalwa nekhono. Zikholelwe uzethembe. Ukudlala ibhola kunemali eningi futhi kungakwenza usheshe ucebe uze waziwe emhlabeni wonke jikelele kodwa kumele uhehwe uthando lomdlalo ngaphezu kwakho konke.





DO NOT WRITE IN THIS MARGIN

14 Wayezizwa kanjani uGanizani ngenkathi eqala ngqa ukudlalela iNdebe Ye-Afrika?

.....  
..... [1]

15 Yini eyayenza ukuthi uGanizani angalithandi ibhola lezinyawo ngenkathi esakhula?

.....  
..... [1]

16 Kungabe uGanizani wasithanda yini isipho sakhe sosuku lokuzalwa? Sekele impendulo yakho.

.....  
.....  
..... [2]

17 Nikeza izinto **ezimbili** ezikhomba ukuthi uGanizani wayengakaze alidlale ibhola lezinyawo ngenkathi bedlala nomngane wakhe okokuqala.

.....  
.....  
..... [2]

18 Umama kaGanizani wazizwa kanjani ngenkathi embona ebuya ukuyodlala ibhola okokuqala?

.....  
..... [1]

19 Abanye abantu bangabasiza kanjani abadlali abasafufusa ukunqoba izinselele? Nikeza amaphuzu **amabili**.

.....  
.....  
..... [2]

20 Ngokuka Ganizani, ungaphumelela kanjani emdlalweni webhola ekubeni bekhona abadlali abaningi abanekhono?

.....  
..... [1]

[Amamaki: 10]







